



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LOKUQALA (P1)

NOVEMBA 2014

AMAMAKI: 70

ISIKHATHI: Amahora ama-2

Leli phepha linamakhasi ayi-12.

IMIYALELO KANYE NOLWAZI KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniwe IZIQEPHU EZINTATHU:
ISIQEPHU A: Isivivinyo sokuqondisa (30)
ISIQEPHU B: Ukufingqa (10)
ISIQEPHU C: Izakhiwo nezimiso zokusetshenziswa kolimi. (30)
2. Fundisisa YONKE imiyalelo ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.
3. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.
4. Qalisa isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA.
5. Bhala izinombolo zezimpendulo njengoba zibhalwe emibuzweni.
6. Yeqa umugqa emuva kombuzo ngamunye.
7. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.
8. Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.
9. Ungasebenzisa isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:
ISIQEPHU A: Imizuzu engama-50
ISIQEPHU B: Imizuzu engama-30
ISIQEPHU C: Imizuzu engama-40

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA**UMBUZO 1: UKUFUNDELA UKUQONDISISA**

- 1.1 Fundisisa UMBHALO A ubuye ubukisise NOMBHALO B ongezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO A (Ofundwayo)**UKULINDA**

1. Ukulinda kungumkhuba omuhle. Ziningi izinto okufanele sizilinde empilweni. Akumnandi ukulinda kepha kunomvuzo omuhle. Isineke siyaphela uma sibona isikhathi sihamba ngesivinini kungenzeki lokho esisuke sikulindle.
2. Ukulinda kuqala owesifazane esazithwele. Ulinda izinyanga ngaphambi kokuba abelethe. Esikhathini esiningi kuze kuqanjwe ezinye izingane zibe oLinda, oLindani, oLindiwe namanye afakazela khona ukulinda. Nayo le ngane ilinda iminyaka eyisithupha ngaphambi kokuba ivumeleke ukuyofunda amabanga aphansi, ngokomthetho woMnyango wezeMfundo.
3. Impilo entsha iqala uma le ngane isibhekana nomhlaba. Izingane ezingafundiswa ukulinda anduba zicele, zikhulume noma zinikwe isikhathi sekhefu, ziyahluleka ukubekezela. Uzibona ezitolo zitetema zizibhuquza phansi. Zisuke zingafuni ukuba lokho ezikucelayo zikunikwe ngesikhathi esifanele sekukhokhelwe. Iyokhala ingane ize izibhonqe phansi. Kuyajabhisa lokhu ngoba ikhula nakho kuze kugcine sekuyonela ngisho ikusasa layo.
4. Amabhungu namatshitshi nawo ayafundiswa ukulinda. Ayelulekwa ukuba angaphangi umdaka ngezindaba zokuqoma nokuqonywa. Lezi zindaba zisuke zilungele asebehluze ingqondo, bazikhulela ezakwamhlaba. Le ndima empilweni ilindwa ukuze umuntu angangeni otakwini angeke akwazi ukuphuma kulona okungaba yizifo, ukukhulelwa nokukhulelisa okungahlelelwe kanye nokunye okuningi. Izeluleko zabadala zokunxusa ukuba kulindwe ziye zifane nokuthela amanzi emhlane wedada entsheni eningi. Akukhunjulwe phela ukuthi indlela ibuzwa kwabaphambili.
5. Kukangaki kunxuswa abantu ukuba balinde isikhathi esilungele ukuthenga izindlu, izimoto nezinye izimpahla sebonge imali eyenele? Abazilaleli lezi zeluleko ngoba bafuna ukuceba ngesikhathi esifushane. Uze ubathole sebelingeka ngokuzimbandakanya ezenzweni zobugebengu ukuze bathole imali masinyane. Basuke befuna imali kepha bangayitholi. Baningi abagcina sebekhalelwe amasongo kaSigonyela ngenxa yokuhlulwa ukulinda. Ukungakwazi ukulinda nokuzithiba kugcina kubafake otakwini.

6. Ziningana izinto okuphoqelege ukuba uzilinde. Lapha kungabalwa omazisi, izincwadi zokushayela kanye nesikhathi sokuvula ezikhungweni ezahlukahlukene. Kukhona lokhu kulinda okuhamba novalo lapho usuke ulinde imiphumela yokuhlolwa. Kungaba imiphumela kamatikuletsheni, eyezifundo zakho noma eyesifo esithile ohlolelwe sona. Kusuke kungadlalwa lapha. Ukuzethemba okuncanyana kuphazanyiswa umqondo oye udabule ezinkalweni uthatha ubeka. Impumelelo yona iyakududuza ubone ukuthi bewulinde obekuzojabulisa umphefumulo.
7. Emizini eminingi kuye kulindwe othile omdala ukuba afike. Usuke ezosiza ekuthatheni izinqumo ezibucayi zomndeni. Lapho-ke, kuyolindwa ngisho umcimbi sekufanele uqale kepha lutho ukufika umuntu. Baze bome imilomo abantu bebulawa indlala ngenxa nje yokulinda leli lungu lomndeni elibalulekile. Kwesinye isikhathi kuyaye kulindwe ekhaya uma kushoniwe ngoba kulandelwa isiko lesintu futhi kuhlonishwa lowo osuke esesishiyile emhlabeni.
8. Ezindaweni zomsebenzi sekwaze kwaba nendawo yokulindela ngaphambi kokubona lowo ozombona okungaba udokotela, uthishanhloko, umeluleki, umqondisi kanye nomfundisi. Ziyahlotshiswa lezi zindawo zibe namabhuku namaphephandaba ongawafunda ngenkathi usalindile. Kwezinye kudlalwa umculo omnandi futhi opholile ukuchitha isizungu. Esontweni umfundisi ulindwa ngeculo. Iba buhlungu inhliziyo uma ubona ogogo nomkhulu beme emiggeni emide belinde ukuhola imali yempesheni. Baqala ukuma kusempondozankomo baze basizakale seliyozilahla kunina.
9. Ukulinda ubala sekwaba inhlalayenza kulesi sikhathi samanje. Lokhu kukhombisa ukungathembeki kwabantu nokuzicabangela bona kuphela. Uyacabanga nje uyinsizwa noma intombi yakwenu ulinde umuntu kepha lutho ukufika. Kuyenzeka usadidekile unjalo kanti awuwedwa. Ukhona omunye ome bude buduze nawe obanjiswe udonga njengawe. Kuthi kusuka, xoxiyani naye ngezinto nje ezijwayelekile okungaba ukukhononda ngenxa yalesi simo sokugilwa yilabo enibalindile. Abanye bayazincokolela beqhuba isikhathi okuyindlela yokuziduduza bagcine sebezazisile omunye komunye. Kunamuhla nje abanye abantu abashadile bahlangana ngakho ukuxoxa belindele abantu abathile.
10. UMdali unesikhathi sakhe sokwenzela amakholwa okuthile. Kufanele nawo afunde ukulinda, angajahi, angakhonondi noma abalise. Phela uMdali usuke esenzela abanye izinto ababekade bazicela kuye. Leyo nto osuke usuyilinde isikhathi eside uthi mhla ungayithola uyiphathise okwezikhali zamaNtungwa. Umuntu uke alinde isipho kepha singafiki. Kuqaqambisa inhliziyo komdala nomncane ukungasitholi isipho sosuku olubalulekile kuye asuke esesilinde ngabomvu.
11. Masizifundiseni ukulinda ngomzimba ongenaxhala. Kusuke kuvivinyeka ukuvuthwa komqondo lapho ukulinda sesikwenza ngaphandle kwengcindezi.

- 1.1.1 Ngokwalesi siqephu yini eyenza umuntu aphelelwe isineke uma elindile? (2)
- 1.1.2 Shono ukuthi umvuzo wokulinda kowesifazane ozithwele uwuthola emuva kwezinyanga ezingaki. (1)
- 1.1.3 Nikeza imiphumela engafani edalwa ukuhluleka ukwenza izinto ngesikhathi esifanele. Bhekisa impendulo yakho esigabeni sesi-4 nesesi-5. (2)
- 1.1.4 Chaza kafushane ngokwenziwa izingane ezingafundisekile ezindaweni zomphakathi. Bheka isigaba sesi-3. (3)
- 1.1.5 Khetha impendulo EYODWA kulezi ozinikiwe.
Isimo sokukhuluma esidwetshelwe esigabeni sesi-4 sichaza ukuthi ...
A angadideki emqondweni wawo.
B angajahi izinto ezikude.
C angafuni ukugijima kakhulu.
D anganaki izinto ezikude. (1)
- 1.1.6 Yini inhloso yombhali ngokubhala lesi siqephu? (3)
- 1.1.7 Ucabanga ukuthi kungaba namphumela muni ukulindisa ogogo nomkhulu isikhathi eside uma beyohola imali yempesheni? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMANE. (4)
- 1.1.8 Uyavumelana yini nombhali uma ethi 'Masizifundise ukulinda ngomzimba ongenaxhala'? Nikeza isizathu sempendulo yakho. Bheka isigaba se-11. (2)
- 1.1.9 Ungamgxeka uthini umuntu olindisa abanye ababambise udonga? (2)

KANYE NO

UMBHALO B (Obukwayo)

1.2 Bukisisa lezi zithombe ezingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.



[Zithathwe ku-Internet]

- 1.2.1 Kubangelwa yini ukuthi abantu abasesithombeni soku-1 balinde ngokukhululeka? (2)
- 1.2.2 Chaza kafushane umuzwa ovezwa abantu abasesithombeni sesi-2. (2)
- 1.2.3 Qhathanisa okufanayo okushiwo umbhali mayelana nokulinda okusembhalweni A kanye nokukhonjiswa abantu abasesithombeni sesi-3 abasembhalweni B. (4)
- 1.2.4 Ngabe ukwenza kwabantu abasesithombeni sesi-2 kwamukelekile yini kuwena? Nikeza isizathu sempendulo yakho. (2)

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30

ISIQEPHU B: UKUFINGQA**UMBUZO 2: UKUFINGQA ISIQESHANA NGAMAGAMA AKHO**

Lesi siqeshana esilandelayo (UMBHALO C) simayelana nezinyathelo okumele uzithathe uma uvula ibhizinisi.

UMBHALO C**IMIYALELO:**

1. Fingqa lesi siqeshana esikhuluma ngezinyathelo okumele uzithathe uma uvula ibhizinisi usebenzise amagama akho angeqile kwangama-80.
2. Fingqa **ngesigaba**.
3. Ungabe usasibhala isihloko uma usufingqa lesi siqeshana.
4. Bhala inani lamagama owasebenzisile ekugcineni kwesiqeshana osifingqile.

IZINYATHELO OKUMELE UZITHATHE UMA UVULA IBHIZINISI

Ukuqala ibhizinisi ngempumelelo kudinga ube nohlaka lwebhizinisi olucacisa indlela ozosebenza ngayo. Lokhu kungenziwa yinoma ubani ofisa ukungena emkhakheni wezamazibhizinisi. Kungaba abantu abanemfundo yeziqo noma abangenayo kepha abakhuthele nabazimisele. Abantu abangazimisele ukusebenza ngokuzikhandla, nabajahe ukuceba angeke balunge ebhizinisini.

Akumele ungene ebhizinisini ungakazihleli kahle izinto zakho. Kubalulekile ukuthola ulwazi nokuqeqeshwa ngabantu abanolwazi olunzulu ohlobeni lwebhizinisi olikhethile. Ungakwenza lokhu ngokuthola ukuqeqeshaka okumahhala ezikhungweni ezithile ezixhaswe nguHulumeni. Lezi zikhungo ziyakhangiswa emisakazweni, emaphephandabeni, kwi-*internet* kanye nakomabonakude. Lokhu kusiza ekutheni ungasebenzeli emuva esikhundleni sokwenza inzuzo.

Yiba nendawo ozosebenzela kuyona. Kuhle ukuthola izeluleko ngokumele ukuqaphele uma ukhetha indawo yokusebenzela. Indawo oyikhethayo makube efanele amakhasimende akho nohlobo lwebhizinisi olikhethile futhi kufinyeleleke kuyo kalula. Le ndawo kungaba eyasemakhaya noma edolobheni kuzoya ngohlobo lwebhizinisi lakho. Qaphela imithetho yokuphathwa kwebhizinisi kuleyo ndawo.

Ukuthola uxhaso lwemali kungokunye kwemigogodla yokuqala ibhizinisi lakho ngempumelelo. Uxhaso lwemali ungaluthola ezikhungweni ezahlukahlukene. Kungaba izikhungo zikaHulumeni noma zezinkampani ezizimele njengamabhange. Boleka imali ozokwazi ukuyikhokha njalo ngenyanga ngaphandle kwengcindezi.

Ibhizinisi olikhethile makube ngelohlobo olusezinhleni zamabhizinisi akuleli. Kulezo zinhlobo singabala ukuba nguzimele geqe, ukusebenza nomunye umuntu, ukusebenza niyisigungu somfelandawonye kanye nokuba nenkampani enamasheya avuleleke ukuthengwa yinoma ubani. Amaphepha enkampani mawabekwe kahle.

Bhalisa igama ibhizinisi lakho elizokwaziwa futhi lihwebe ngalo. Kufanele ube nohlu lwamagama ama-3 ukuya kwama-5. La magama mawabizeke, akhumbuleke kalula futhi agqamise nomkhiqizo. Kula magama kuye kukhethwe igama elilodwa elingekho ohlobeni lwebhizinisi olikhethile. Liyobuya lelo gama lebhizinisi lakho selihamba nenombolo yebhizinisi. Akube yigama eliyobe lisathandeka naseminyakeni eminingi ezayo.

Kumele ubhalise emahhovisi okukhokhwa kwentela abizwa nge-SARS ukuze uthole isitifiketi esinenombolo yentela. Le nombolo yentela iqondene nebhizinisi lakho uma selithola inzuzo emva kwemisebenzi osuke kade uyenza. Kuphoqelekile ukukhokha intela minyaka yonke ukuze ungaboshwa. Leyo ntela uHulumeni uyisebenzisela ukuthuthukisa izwe lethu.

[Ucwaningo olwenziwe ku-Internet]

[10]

AMAMAKI ESIQEPHU B:

10

ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI**UMBUZO 3: UKUHUMUSHA ISIKHANGISI**

Fundisisa lesi sikhangisi (UMBHALO D OFUNDWAYO NOBUKWAYO) bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO D (Ofundwayo nobukwayo)

THUTHUKA NATHI!



Sinakekela izidingo zosomabhizinisi abasafufusa

KHANGISELWA YITHINA!!!

KUNGABE UFUNA INDAWO YOKUKHANGISA?

PHUTHUMA

IZIKHALA ZOKUKHANGISA ZIYI-100 KUPHELA!

Yenza inkampani yakho idume izwe lonke!

Sitholakala eNingizimu Afrika yonke/Izifundazwe eziyisi-9.

Yenza isikhangisi ngenani lama-R750.00 (Yonga ama-R630)

Uzozuza lokhu okulandelayo uma sikukhangisela ephephabhukwini lethu:

- Isikhala esisodwa sesikhangisi.
- Isikhangisi sakho sizoshicilelwa masonto onke.
- Sizoshicilelwa iminyaka emibili.
- Ukufakwa ku-*facebook*, *Twitter* naku *Pinterest*.

Ungaxhumana nathi kulezi zinombolo: 082 000 1294.

Isihlanzandaba: 035-4673550

[\[www.thuthukanathi.co.za\]](http://www.thuthukanathi.co.za)

3.1 Yini ekhangiswayo kulesi sikhangisi?

(1)

3.2 Chaza kafushane ngamasu okuheha asetshenziselwe ukuheha abafundi balesi sikhangisi.

(3)

- 3.3 Yini inhloso yomkhangisi yokusebenzisa uphawu lomuntu owenyuka izitebhisi kulesi sikhangisini? (2)
- 3.4 Ucabanga ukuthi ukusetshenziswa kwebinzana lamagama adwetshelwe esikhangisini kuzoba namphumela muni kosomabhizinisi abasafufusa? Nikeza isizathu sempendulo yakho. (2)
- 3.5 Ngabe umkhangisi ulusebenzise kanjani ulimi olunxenxayo esikhangisini sakhe? Nikeza isizathu sempendulo yakho. (2)
- [10]**

UMBUZO 4: UKUQONDISISA EZINYE IZINGXENYE ZEMITHOMBO YEZINDABA

Bukisisa UMBHALO E bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO E (IKHATHUNI)



[Ithathwe ku-Internet]

- 4.1 Gagula OKUBILI okungajwayelekile okwenziwa yile nja ekule khathuni. (2)
- 4.2 Chaza ubuqili obenziwa ngabantu abafana nale nja ekule khathuni. (2)
- 4.3 Bhala isikhathi esivezwe kumabonakude ngobhalomagama olufanele. (2)
- 4.4 Hlaziya indlela umdwebi wale khathuni agxeka ngayo omama abathanda ukubuka amasophi kumabonakude. (4)
- [10]**

UMBUZO 5: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO F**UKUBONGA**

Kuhle ukubonga. Sekukhona umkhuba owandile wokungabongi. Kuba kuhle ukuthi uma umuntu ekwenzele into enhle ubonge. Izingane eziningi zinawo umkhuba wokungabongi. Kuwumsebenzi womzali ukukhulisa futhi anakekele ingane. Ayikho into ejabulisa umzali uma ezwa ingane yakhe ibonga uma kukhona ayenzele khona. Kuthena amandla kabi ukwenzela umuntu into enhle kodwa angabongi amane akubuke nje sengathi uthi, 'ubuthunywe ubani?' 1 5

Abadala bebekubelethisa ukubonga kwabo ngokuthi ukwanda kwaliwa umthakathi. Lokhu bebekusho uma kukhona okuhle osuke ubenzele kona. Umama ubebonga anconcoze kubaba uma emenzele okuthile. Kanjalo nobaba wayembonga umkakhe ngokumtholela abantwana. 10

Ukubonga kuhamba nezibusiso. Uma ingane ibongwa umuntu omdala ivamise ukuthola izibusiso. Phela umuntu omdala akavamisile ukugcina ngokubonga. Uze athi iNkosi ikubusise mntanami. Izibusiso ziyantshontshwa. Kuba kuhle ukuba uma uyingane uzibuze ukuthi ubongwe kangaki osukwini. Uma lishona ungakaze ubongwe, kusho ukuthi asikho isibusiso ositholile kulolo suku. 15

- 5.1 Yisho ukuthi igama elidweshelwe emgqeni wesi-2 lenze msebenzi muni kulo musho. (1)
- 5.2 Phinda uwubhale lo musho osemgqeni wesi-2 ukuya kowesi-3 leli gama elidweshelwe selisebenze njengenhloko yomusho. (1)
- 5.3 Shono ukuthi isakhi esidweshelwe egameni wokungabongi emgqeni woku-1 siqukethe mqondo muni. (1)
- 5.4 Sebenzisa lesi sakhi u-nga- emshweni ozakhele wona sesiqukethe umqondo wokungenzeka (indlela yamandla). (1)
- 5.5 Emgqeni wesi-7 kukhona isiqu esibhalwe ngamagama agqamile. Phinda usebenzise lesi siqu emshweni ozakhele wona sesikhomba omunye umqondo owehlukile kunalowo osesiqeshini. (1)
- 5.6 Khetha impendulo enembayo kulezi ozinikeziwe.

Igama elidweshelwe emgqeni wokuqala limqondomningi. Khetha impendulo enembayo ehambisana nomqondo eliwuqukethe kulo musho:

- A ukugcina isiko.
B ukwenza okungemukelekile.
C ukungabi nandaba.
D ukwenza okwehlukile. (1)

- 5.7 Khipha imisho eqondile kulo musho ombaxa odwetshelwe emgqeni wesi-3 kuya kowesi-4. (2)
- 5.8 Phinda ubhale lo musho odwetshelwe osemgqeni we-13 usukhomba inkulumo ecashuniwe. (2)
[10]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 30
AMAMAKI ESEWONKE: 70